# CATHOLIC ARCHDIOCESE OF DURBAN

Isifundabhishobhi samaKhatholika saseThekwini

Diocesan Chancery, 154 Gordon Road, Morningside, Durban, 4001
Postal address: P O Box 47489, Greyville, 4023, South Africa
Telephone: 031 303 1417 | Fax: 031 312 1848
Email: chancery@aod.org.za
Website: catholic-dbn.org.za


THE TRUTH WILL SET YOU FREE
IQINISO LIYONIKHULULA

26th April 2022

## ISICELO SOKUSIZWA

Bafowethu noDadebethu abathandekayo eNkosini

Nginifisela nonke nibe neNkathi yePhasika enhle

Kulonyaka sigubhe uMkhosi wePhasika sinezinhliziyo ezibuhlungu kwazise sibone into ebuhlungu ngendlela emangalisayo izikhukhula zilimaza zimosha imizi namakhaya abantu, imigwaqo futhi zithatha izimpilo zabantu. Kunabantu abaningi abadlule emhlabeni, kusekhona abanye abaningi abangakatholakali, izinkulungwane zabantu zisale zingenayo indawo zahlaliswa ezindaweni zesikhashana. Imiphakathi eminingi yethuke kakhulu ngenxa yalenhlekelele futhi izwakalisa ukulahlekelwa ithemba.

E-Chancery nathi besingenawo amanzi izinsuku ezimbili; izingcingo zokufona azisebenzi kuze kube manje, indlela yokuxhumana iyinselelo enkulu esibhekene nayo. Yize kunjalo, esibhekene nakho kuncane kakhulu kunalokho abantu abaningi ababhekene nakho noma asebedlule kuko. Amakhaya amaningi adilikile abantu bavaleleka ngaphakathi abanye babo balima kanzima kanti abanye bashona.

Umonakalo mukhulu kakhulu; izingqalasizinda zamanzi zimosheke kakhulu, izingqapheli zithi kusazothatha isikhathi eside kungaba izinyanga ukuze kutholakale amanzi kwezinye izindawo. Kusazothathwa isikhathi eside kakhulu ukuba kulungiswe imigwaqo; Ukunganakekelwa, kwezingqalasizinda kube nomthelela omkhulu kulomonakalo owenzekile.

SiyiBandla kumele sizwelane kakhulu nalabo abakhahlamezwe izikhukhula. Iningi lethu esingasiza ngakho ukuba sithumele iminikelo yethu ezinhlanganweni ezingaphansi kwebandla ezifana no-CARITAS. Lesimo esibhekene naso esingajwayelekile sibiza ukuba abantu abanentando enhle bavule izinhliziyo zabo futhi babe nesihe kulabo abadinga usizo.

Ngalokho-ke ngiyacela kunina nonke Makhatholika ikakhulukazi kwisiFunda esiKhulu saseThekwini ukuba nisize kungaba ingemali noma ingaluphi olunye uhlobo lokusiza. Ngiyacela ikakhulukazi kulabosomabhizinisi abangamakhatholika, izindela ezisemihlanganweni, izikole ezingaphansi kwaMakhatholika kanye nemihlangano(sodalities) ukuba nenze umehluko ezimpilweni zalabo abalahlekelwe abathandiweyo babo, kanye nalabo abasusiwe ezindaweni zabo ngenxa yomonakalo.

Kulabo abathanda ukuthumela iminikelo yabo where Caritas waseThekwini, imininingwane imi kanje:

Account NameAOD CARITAS

Account Number62849932068

Type Enterprise Business Account

ReferenceKZN Floods

